

# Need an amazing tutor?

[www.teachme2.com/matric](http://www.teachme2.com/matric)



Collected and collated by

**teachme2**



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**LWEZI 2021**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-3**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-5.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

**QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isib. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- ISIQEPHU A: Amaminithi angama-100
- ISIQEPHU B: Amaminithi angama-80 (2 x 40)
8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

- |     |  |             |
|-----|--|-------------|
| 1.1 | Usuku engafunda ngalo into entsha eyaguqula impilo yami        | <b>[50]</b> |
| 1.2 | Yenza namuhla ukuze ungazisoli ngomuso                         | <b>[50]</b> |
| 1.3 | Kukwamachanca kwampunzi edla emini                             | <b>[50]</b> |
| 1.4 | Ubuhle nobubi bokuhlalisana nabantu bokufika eNingizimu Afrika | <b>[50]</b> |
| 1.5 | 'Ubuvara yibona obudala ububha kubantu bakuleli'               |             |
|     | Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende.                   | <b>[50]</b> |
| 1.6 | Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.   |             |

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 kuya ku 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sicashunwe ku-inthanethi]

**[50]**

1.6.2



[Sicashunwe ku-inthanethi]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-[www.loneliness.com](http://www.loneliness.com)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A:**

**50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umfowenu uthole ithuba lokuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme esikwesinye isiFundazwe.

Bhala **incwadi** umeluleke ngendlela yokuziphatha njengoba ezobe engekho phambi kweso labazali.

**[25]****2.2 UMLANDO KAMUFI**

Umzala wakho obebambe iqhaza ekuthuthukisweni kwentsha ushone emuva kokugula isikhathi eside. Ucelwe umndeni ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala **umlando kamufi**.

**[25]****2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Abafundi besikole ofunda kusona bebebambe umhlangano bekhala ngeqeqebana labafundi abangamabhoklolo esikoleni.

Bhala **i-ajenda namaminithi alowo mhlango**.

**[25]****2.4 I-INTHAVYU**

Udadewenu/umfowenu udle umhlanganiso emqhudelwaneni wonobuhle/wokuba igeza lensizwa esiFundazweni. Uzuze umklomelo wokuyomela isiFundazwe kuzwelonke kulo mqhudelwano.

Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakhe kanye nentatheli yephephandaba.

**[25]****2.5 INCWADI YAKOMKHULU**

Indawo yangakini ikhahlamezwe yizimvula ezinamandla. Imindeni eminingi yasala dengwane.

Bhala **incwadi** uyibhekise kuMbhishobhi webandla langakini ucele usizo lokukhoselisa le mindeni esontweni ngalesi sikhathi esinzima.

**[25]****2.6 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Ubone amalungu omphakathi ezitapela ezitolo ngesikhathi kunombhikisho.

Bhala **umbiko ongabekelwe mgomo** uwubhekise kuziphathimandla zikaMasipala mayelana nalesi simo.

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**